



## agriculture & rural development

Department:  
agriculture  
& rural development

**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**

KZN Department of Agriculture & Rural Development  
Private Bag X9059, Pietermaritzburg, 3200

Enquiries: Nalini Dickson  
Tel: 033-3559300 or 0832340475

Fax: 033-343 8255  
Toll-Free: 0800 000 996  
Email: Nalini.Dickson@kzndard.gov.za

### **INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA, UMNU. THEMBA MTHEMBU, AKAYETHULA EMCIMBINI WOKUBUNGASA UKWEDLULISELWA KWESINXEPHEZELO SEMALI EMPHAKATHINI WASE EAST KANYE WEST HESLERTON OWAWUFAKE ISICELO SOKUBUYISELWA UMHLABA ESIFUNDENI SASEMAJUBA**

Usuku: 12 September 2016

Indawo: Osizweni Art Centre, Osizweni

Mphathi woHlelo

Khomishana waKwaZulu Natali wokuBuyiswa kweMihlaba, Adv. Bheki Mbili

Sokhaya woMkhandlu wesiFunda saseMajuba, Khansela M. Ngubane

Sokhaya woMkhandlu waseKhaya, Khansela JP Phakathi

Amakhansela akhona

Amalunga amaKomidi okubuyiswa komhlaba e-East kanye West Heslerton

Izisebenzi zikaHulumeni ezingeni likaZwelonke, elesiFundazwe kanye nelowaseKhaya

Osingaye abafaka isicelo sokubuyiselwa umhlaba

Bakwethu

Ukulinda kwenu isikhathi sekufike ekugcineni! Namuhla sibungaza esinye isicelo sokubuyiswa komhlaba esikhokhela iminden i engu 254 eyaphucwa umhlaba nemizi, isamba semali enguR28 million.

Ngizwile ngo Advocate Mbili ukuthi lesi kuseyisigaba sokugala kulolu hlelo lokudluliselwa kwesinxephezel. Ngizwile ukuthi lusaqhubeka uhlelo lokucubungula inani lentengo yomhlaba okumele libuyiselwe abanini bomhlaba ababenamagunya obunini bomhlaba wase Heslerton.

Bakwethu umphakathi ngamunye owaphucwa umhlaba unendaba ongayixoxa mayelana nokuphucwa umhlaba, ukulahlekelwa, ubuhlungu nokuhlukumezeka. Zonke lezi zindaba zisinika isithombe ngomlando wokususwa kwabantu emihlabeni okungokukhulu kakhulu okwake kwenzeka kulelizwe. Labo abawufunda bajula umlando wokuphucwa kwabantu ngempoqo umhlaba

okwenzeka kusukela ngonyaka ka 1960 kuya kunyaka ka 1983, baveza ukuthi uhulumeni wobandlululo wagudluza abantu abamnyama ababalelw ku 3.5 million emhlabeni wabo.

Udaba lomphakathi waseDannhauser owaphucwa umhlaba lungolunye oluvezza esinye isahluko kulomlando. Isehlo saseDannhauser siveza ukuthi lomphakathi wahlukunyezwa isikhathi eside nguhulumeni wamaNgisi owawuphethe ngaleso sikhathi, babuye bahlukunyezwa owoBandlululo wona owawubaphuca umhlaba.

I-Heslerton yayiphethwe ngabalimi abamnyama abanagunya omhlaba. Iningi labo laliwuqashisile umhlaba kanti futhi kwakunemiphakathi eyayilima ngempumelelo kuwo lomhlaba. Lempumelelo uhulumeni wondlebezikhanya ilanga wawungayithandi. Abalimi abamnyama babephumelela futhi beqhadelana nabelungu. Le mpumelelo yayingahlali kahle nemithetho eyayicwasa ngokwebala. Yingakho-ke uhulumeni wangaleso sikhathi washaya umthetho owawubizwa ngeNative Trust and Land Act wonyaka ka 1936. Ababesemandleni basebenzisa lo mthetho ukuhlonza izindawo ezingama "Black spots" okwayigama ababelisebenzisa ukuchaza amapulazi abantu abamnyama ayakhelene nawabamhlophe. Iziphathimandla zathi abanini bamapulazi abamnyama kanye nababehlala kuwo kwakumele basuswe ukuze indawo isale iphathwe ngabamhlophe.

Bakwethu, umlando wokuhlukunyezwa kwemindeniyatholakala ukuthi usukela kunyaka ka 1944. Ihhovisi likaKhomishana wakwaNdabazabantu elalizinze eMgungundlovu labhala lakubeka ngokusobala ukuthi i-East ne West Heslerton yabe iyi "Black spot".

Ukucaphuna encwadini yakhe, wathi: "La mapulazi amabili akake umhlaba ophethwe yi Durban Navigation Collieries - eyayiqashe imihlabu eminingi ngenhoso yokumba okutholakala ngaphansi kuyo. Lawa mapulazi adala izizinda ezimnyama endaweni yabamhlophe. Lesi simo esilapho sibanga izinkinga ezimayelana nezezempi".

Wake wayizwa into enjengaleyo, ababesemandleni ngaleso sikhathi babebona abantu bakithi njengesicefe esidala inkinga kwezempi. UKhomishana wabuye wakubeka kwacaca ukuthi ukusondelana kwalezi zinda zabamnyama ngamakhilomitha amahlanu nedolobha laseDannhauser kwakuphambene nomthetho onqabela abantu abamnyama ukuba bahlale eduze namadolobha.

Nanamuhla sisanenkinga ngenxa yomthelela wokususwa kwabantu bakithi ngendluzula emihlabeni yabo bephoqwa ukuba bayohlala emalokishini nasezabelweni, kude nezindawo zemisebenzi ezipsemadolobheni. Lokhu kwakusho ukuthi ingxenyenekulu yemiholo yabo babeyichitha ezindlekwani zokugibela nokwadonsisa imindeni yabo kanzima. Abantu bakithi abawumukelanga lo mthetho wokususwa kwabo kalula, benqaba ukusuka. UCheryl Walker, owayenguKhomishana wokubuyiswa kwemihlabu, wabhalu kabanzi ngalesi simo. Wathi abahlali abanangi benqaba ukwemukela izincwadi zokubasusa kwaze kwadingeka ukuba kubizwe amaphoyisa kanye namabhunu amapulazi ayehamba nezinja ephethe izibhamu afika ashisa izindlu zabahlali, athatha izinkomo aphinde abopha labo ayebathola besahlezi. UWalker emibhalweni yakhe wacaphuna isigameko esabikwa idlanzana lezisebenzi ezazahlala kuyo le ndawo esakuveza obala ubuqili obabusetshenziswa iziphathimandla zangalesiya sikhathi.

Uthi ngenkathi lezi zisebenzi zinika izincwadi zokususwa zazikholwa ukuthi zazizonika ithuba lokuxoxisana neziphathimandla yingakho zaya ehhovisini

likaKhomisana weziNdababantu. Kuthiwa uKhomishana wazibuza ukuthi angazisiza ngani zase zimtshela ukuthi zicela usizo ngoba izingane zazo azisafuni ukusebenza emapulazini. Kuthiwa uKhomishana wazethembisa ukuthi uzozikhulumela nehhovisi laseMgungundlovu. Kepha kwathi zisalindele ukuzwa ukuthi isicelo sazo siyemukeleka yini kwamane kwafika amaphoyisa azishaqa zonke azivalela ejele laseDannhauser. Kwadinge ka ukuba zihlawule uR30 ngasinye. Yize sezigilwe kanjalo, lezi zisebenzi zaqhube ka nezingxoxo, zatshela imantshi ukuba ibize imantshi enkulu yaseMgungundlovu zaphinda zacela ukuba uHulumeni waKwaZulu ungenelele. Kepha bonke labo ababesemandleni babatshela ukuba abasuke kulo mhlaba baye eNondweni. Laba bahlali bathi angeke bakwazi ukuya lapho ngoba leyo ndawo kwayona yayilidolobha futhi bona banzinkomo. Babefuna ukuhlala lapho imfuyo yabo eyayizogcineka khona kahle.

Zonke izicelo zabo zahlangatshezwa ngezithembiso ezingamanga. Uma ngicaphuna amazwi abo alotshwa nguWalker ashо kanje: "UKhomishana useluleke ngokuthi singazidayisi izinkomo zethu ngoba kukhona akazosenzela khona zingakapheli izinyanga eziyithupha. Ngenkathi sisalindile sabizwa ukuba sizovela phambi kukaKhomishana enkantolo yaseDannhauser lapho satshelwa khona ukuthi asisafuneki endaweni yaseDannhauser saphinde sasatshiswa ngokuthi uma singathuthi sizoboshwa sigwetshwe. Samtshela ukuthi asenqabi ukuthutha kepha sisalinde isinqumo esivela uMgungundlovu.

Bathi ngomhlaka 15 July 1976 kwafika amaloli kaHulumeni eyephezelwa ngamasosha, amaphoyisa nezinja zaho. Abahlali bathi amaphoyisa namasosha abatshela ukuthi awazile ukuzoxoxa nabo kepha azobathutha abasa eQhudeni. Bathi noma bebuza ukuthi basuswa ngaliphi ngoba bona basalinde impendulo evela kuKhomishana uMgungundlovu kepha batshelwa ukuthi ukususwa kwabo kwabe kungumyalelo wakhe uKhomishana.

Lo mlando wokususwa kwabantu eDannhauser uxoxa udaba lokudayiswa nokukhohlisa. Abantu bakithi banikwa ithemba lenkohliso kepha ekugcineni balahlekelwa yikho konke. Ekugcineni laba bahlali, sebelahlelwе yithemba, bagcina bevumile ukuthuthwa ngamaloli.

Bakwethu, yingakho uhulumeni kaKhongolose ezibophezele ohlelwrni lokubuyisa umhlaba. Kumele siwulgise lomlando wokudayiswa kwabantu bakithi, umlando wobuhlungu nokulahlekelwa. KwiNkomfa yesi 52 eyayise Mangaung, ukubuyiswa komhlaba nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya kwabekwa eqhulwini. Kungenxa yalokhu kuzibophezelu kulolu hlelo okudala ukuba sibungaze impumelelo yokukhokhwa kwesinxephezelu somhlaba ovalahleka namuhla.

Ngikholwa ukuthi ekuqaleni benifuna ukubuyela emhlabeni enasuswa kuwo kepha lokho bekungeke kusenzeka manje njengoba umhlaba sewaphenduka imayini futhi ungeke usasebenzika ekulimeni. Isicelo sami kini esokuthi sebenzisani isinxephezelu senu ngobuhlakani nenze okhokho benu baziqhenye ngani.

Namuhla sithoba amanxeba akudala. Yebo, sizowuloba lomlando obuhlungu ngoba akumele sikhohlwe ukuhlukumezeka abantu bakithi abadlula kubo. Kepha namuhla siyakuthokozela ukuthi sesikhululekile futhi siyinqobile imikhuba yenkohliso nokudayiseka. Lokhu kuyisibophezelu sikaHulumeni oholwa nguKhongolose sokuqhubeka nokulungisa okonakala nokuhlukumezeka okwehlela abantu bakithi siphinde sakhe nesizwe sethu.

Ngiyabonga.